

Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko likaHulumeni Kwezokuxhumana Nokudluliswa Kolwazi (GCIS)

English/isiZulu

Nhlangulana 2020 Ushicilelo 2



**Umhla-
hlandlela
ngoku-
vulwa
kwezikole
Ikhasi 7**



I Ningizimu Afrika iya esigabeni sokuqapha sesithathu

UMongameli u-Cyril Ramaphosa uye wamemezela enkulumweni yakhe ukuthi iNingizimu Afrika seyedlulele esigabeni sesithathu manje nokuqale ukusebenza ngokusemthethweni mhla luluNye kuNhlangulana - nemikhakha eminingi eyehlukene ivulile ukusebenza nokuxegiswa kwemikhawulo yokuhamba kwabantu.

Echaza enkulumweni yakhe yakamuva mayelana nenqubekelaphambili emaswini angenabungozi ahleliwe okubhekana nobhubhane lwe-corona (i-COVID-19), uMongameli uthe izwe selizoba nendlela ehlukile yokubhekana ngqo nalezo zindawo ezinamazinga aphezulu okwesuleleka kanye nokusabalala kwalolu bhubhane.

Izindawo eziyizizinda ze-COVID-19

Lezi zindawo zimenyezwe njengezizinda zegciwane le-corona. Lezi zindawo zibandakanya la madolobha:

- eTshwane
- eGoli

- Ekurhuleni
- eThekwini
- e-Nelson Mandela Bay
- e-Buffalo City
- eKapa.

Ezinye zezindawo ezikhonjwe njengezizinda kuse-West Coast, e-Overberg kanye nase-Cape Winelands nekusifunda somasipala wasesifundazweni saseNtshonalanga Kapa, isifunda i-Chris Hani esingaphansi kweMpumalanga Kapa, kanye nesifunda iLembe esingaphansi kwesifundazwe saKwaZulu-Natali.

Indawo eyisizinda ichazwa njengendawo enabantu abathelekile abangaphezulu kwabahlanu kubantu abayizi-100 000 noma kube yileyo ndawo enezinga lokusuleleka okusha okukhuphuka ngesivinini esikhulu.

Ukuze sikwazi ukulwa nalel gciwane kulezi zindawo, uhulumeni uzoqalisa ukungenelela ngamandla nahlose ngakho ukwehlisa isibalo esisha sabantu abesulelekayo.

“Sizothatha izinyathelo ezithe thuthu zokubhekisisa lezi zindawo ezinobungozi, ukulawula ukusuleleka kanye



nokulandelelwa kwakho. Sizothumela iqembu lochwepheshe kuleso naleso sizinda,” kusho uMongameli.

Le liqembu lizobandakanya odokotela bokwelashwa kwezifo, odokotela bezokwelashwa komndeneni, abahle-ngikazi, onompilo, ongoti bezokuphathwa kwezimpilo zomphakathi kanye nabophiko lokwelashwa okuphuthu-

mayo, elizosekwa ngongoti base-Cuba.

“Sizoxhumanisa isizinda segciwane ngasinye nezinsizakalo zokuhlola leli gciwane, izindawo zokuhlala wedwana, izindawo zokugonqa zalabo asebehaqekile, ukwelashwa, imibhede yasesibhedlela kanye nokuthungatha labo abake bahlangana nalowo ogulayo.

“Uma ngabe kunesidingo

kungenzeka ukuthi, noma yi-yiphi ingxenywe yezwe ibuyele esigabeni sokuqapha sesine noma sesihlanu uma ngabe ukubhebhethaka kwegciwane kungathibeki ngisho sekungenelelwa futhi kunobungozi bokukhungatheka kwezikhungo zethu zezempilo,” kusho yena.

Uhlu lwezindawo eziyizizinda zegciwane luzobuyekezwa njalo emva kwamaviki amabili ngokuzoya ngokubhebhethaka kwegciwane.

Ukuvulwa komnotho

Ukuqaliswa ngokusemthethweni kwesigaba sokuqapha sesithathu, nesiqale ekuqaleni kukaNhlangulana, kufake phakathi ukubuyiselwa kokusebenza ngokujwayelekile kwemikhakha eminingi yomnotho, ngokulandela imithetho eqinile yezempilo nokuziqhelelanisa nabantu. Abasebenzi bakahulumeni abaningi babuyelile emsebenzini ngokuhambisana nemibandela ehambisana Nokusebenza Komthetho Wezempilo kanye Nokuphepha Emsebenzini, nangokuholwa nguMnyango Wezemisebenzi Kahulumeni kanye Nokuphathwa Kwayo ngokusebenzisana neminye iminyango kahulumeni.

• Iqhubeka ekhasini lesi-2



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:





Bheka u- SA Government ku Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za


www.vukuzenzele.gov.za

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

 Vuk'uzenzele

I-imeyili: vukuzenzele@gcis.gov.za

Ucingo: (+27) 12 473 0353

 @VukuzenzeleNews

EZAKAMUVA NGE-COVID-19

• Isuka ekhasini loku-1

Imithetho kanye nezinhlelo ezindaweni zokusebenza

Njengoba imikhakha eminingi yomnotho ivula, uhulumeni uzothembela kakhulu ezenzweni zabantu bomphakathi nabambiqhaza ababalulekile ukubhekana nobungozi ezindaweni zokusebenza kanye nalapho abasebenzi behlangana nomphakathi.

“Ngakho-ke sizophothula imithetho eminingi yakulo mkhakha futhi sizodinga ukuba zonke izinkampani zakhe izinhlelo mayelana



nokusebenza kwazo ngaphambi kokuvulwa,” kusho yena.

Ngokwalezi zinhlelo, izinkampani kufanele zihlinzeke izibulali-magciwane kanye nokuziqhelelanisa nabantu; kumele zixilongwe abasebenzi nsuku zonke uma befika, zigonqise labo asebesulelekile ngaleli gciwane futhi zenze izinhlelo zokuba bahlolwe.

“Kumele ziphinde zisize ngokuthungatha labo



asebehlanguvana nalowo osehaqwe yileli gciwane. Ngenxa yobuthakathaka babo, bonke abasebenzi abaneminyaka engaphezulu kwengama-60 ubudala futhi abanezifo eziyimbelesela okungaba isifo senhliziyo, isifo sikashukela, izifo eziphathelene nokuphefumula kanye nomdlavuzo kumele bahlale ekhaya,”

kusho uMongameli.


Abasebenzi abakwaziyo ukusebenzela emakhaya kumele bavunyelwe ukwenza kanjalo.

Ukulandela lezi zinyathe-lo, zonke izimboni ezikhizayo, izimayini, abakhi, abezezimali, imisebenzi ekhokhelwayo namabhi-



zinisi, ubuchwepheshe bamakhompyutha, abezokuxhumana, imisebenzi kahulumeni kanye nabezindaba, baqalile ukusebenza ngokusemthethweni mhla luluNye kuNhlanguvana. Amalungiselelo okuqala kahle ukusebenza ngokwezigaba kanye nokufakwa kwezinhlelo kuzokwenziwa kuzo zonke izindawo zokusebenzela.

“Abathengisi kanye nohwebo lwezitolo kuzovulwa ngokuphelele nakho, okubandakanya izitolo, iziphaza kanye nabathengisi basemgwaqeni. Ukuthenga nge-inthanethi kuzoqhubeka kusebenze. Eminye imikhakha eyayi-



vele seyivuliwe, njengezolimokanye nezamahlathi, izinsiza ezibalulekile, usizo lokwelapha, ukukhiqizwa kokudla kanye nokukhiqizwa kwemikhiqizo yenhlanzeko, izoqhubekayo nayo isebenze,” kusho yena.

Imisebenzi yomnotho enobungozi obuphezulu ayivumelekile

Imisebenzi enobungozi obuphezulu izoqhubeka nokungavumeleki. Le misebenzi ibandakanya:

- Izindawo zokuhlala phansi udle, izindawo

ezithengisa nezokuphuzela utshwala, ngaphandle uma kuhanjiswa noma kulandwe ukudla.

- Izindawo zokuhlala kanye nezindawo zokuhamba ngezindiza zalapha ekhaya, ngaphandle uma uhamba ngomsebenzi, okuzovunyelwa ngezinsuku ezisazomenyezelwa ngokusemthethweni.
- Izingqungquthela, imicimbi, ukuzijabulisa kanye nemidlalo.
- Ukuzicwala, okubandakanya ukulungiswa kwezinsizwe kanye nemisebenzi nokuziphazula.

Ukuhamba kwabantu kanye nokuthengiswa kotshwala

Abantu bazovunyelwa ukuba bakwazi ukuzivocavoca noma nini ngezikhathi zasemini, kuye ngokuthi lokho abakwenzi nga-



maqembu. Umthetho wewashi ovimbela ukuhamba kwabantu uzosuswa.

“Utshwala bungathengiswa ukuphuzelwa ekhaya ngaphansi kwemigomo eqinileyo, ngezinsuku ezithile futhi ngamahora athile. Izimemezelo ezihambisana nalokhu zizokwethulwa uma sekuphuthulwe izingxoxo kuleyo mikhakha eyahlukene,”



kusho uMongameli.

Ukuthengiswa kugwayi kuzoqhubeka nokungavunyelwa kulesi sigaba sokuqapha sesithathu, ngenxa yobungozi bempilo yabantu

obuhambisana noku-bhema.

“Yonke imibuthano yomphakathi ayivunyelwe, ngaphandle kwemingcwabo enabantu abangadluli kuma-50 noma imihlangano ezindaweni zokusebenza ngezinhloso zemisebenzi,” kusho yena.



Ukulindela ukwenyuka kwesibalo sokwesuleleka ngegciwane

UMongameli u-Ramaphosa uthi, ukulungiselela ukwenyuka kwesibalo sabantu abaphelele igciwane le-corona (i-COVID-19) ezweni, kunemibhede yasezibhedlela eyizi-20 000, futhi, ihlelelwe izigameko ze-COVID-19, kanye nezibhedlela zesikhashana ezingama-27 esezakhiwe ezweni jikelele.

“Ezinye zalezi zibhedlela

seziqalile ukwamukela iziguli ezinegciwane le-corona.”

UMongameli uthi uhulumeni uyawubonga umsebenzi wezisebenzi zikahulumeni, ikakhulukazi labo abaphambili empini yokulwa nobhubhane lwe-corona (i-COVID-19).

“Ukuphepha kwabo bonke abasebenzi, kubandakanya izisebenzi zikahulumeni, kuyingxenyeyo yokukhathazeka kwethu sonke. Siziqhubeka



ka nokwenza imizamo ukuhlinzeka ngezinsiza zokuzivikela ezanele ukuze siqinisekise ukuphepha kwawo wonke umuntu ngesikhathi esemsebenzini. “Esikubeke eqhulwini ukuqala ukwehlisa amathuba okusabalala kwegciwane le-corona kanye nokwenza indawo ephaphile yawo wonke umuntu,” kusho yena.

📞 – SAnews.gov.za

Amasu okumele uwalandele ukuze ugwe-me ukwesuleleka ngegciwane le-Corona.

- » Hlala ekhaya ngayo yonke indlela.
- » Khumbula ukuziqhelelanisa nabantu
- » Gqoka isifonyo sakho sobuso
- » Hlanzisa izandla zakho ngensipho. Geza izandla zakho macala onke, phakathi neminwe kanye naphansi kwezinsipho. Hlanza izandla zakho njalo ngensipho ngaphambi kokudla nasemva kokuba nabantu.
- » Vala umlomo wakho ngethishu uma ukhwehlela futhi uthimula. Gwema ukuzithintathinta ubuso ngezandla ezingcolile ngaso sonke isikhathi.
- » Thola ukwelashwa uma ungaphilanga kahle. Izimpawu ezijwayelekile ze-COVID-19 emzimbeni zibandakanya ukukhwehlela, ikhala eligxazayo, imfiva kanye nokuvaleka ukuphefumula. Uma ngabe uhlaselwa ngezinye zalezi zimpawu, thola usizo lokwelashwa ngokuphazima kweso.

Ngeminye imininingwane ethe thuthu shayela Isikhungo Sezifo Ezithelelanayo Kuzwelonke kule nombolo esebenza ubusuku nemini ethi: 0800 029 999 noma ungene ku: www.health.gov.za naku: www.nicd.ac.za



government communications

Department: Government Communication and Information System REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production
Khusela Diko | khusela@gcis.gov.za

Editor-in-Chief
Tyrone Seale | tyrone@gcis.gov.za

Managing Editor
Ongezwa Mogotsi
ongezwa@gcis.gov.za

News Editor
Noluthando Motswai

Writers
More Matshediso, Jauhara Khan
Silusapho Nyanda
Senior Designer | Tendai Gonese
Junior Designer | Tsholofelo Sepeng

Language Practitioners
Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatse
Thandolunye Magudulela | Sizwe Ziqubu
Witness Ngobeni

Vuk'uzenzele
is published by Government Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by: RISING SUN PRINTERS
For Editorial and Service

Distributed by: ON THE DOT



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO
SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



Asivikele siphinde sesekele abantwana bethu



Usuku Lomhlaba Wonke Lokuvikelelwa Kwabantwana, olugujwa emhlabeni jikelele mhla zi-3 kuNhlangulana, ukuze kunakwe amalungelo abantwana emhlabeni jikelele nenhlalakahle. Ngokuqondana, kuphinde futhi ngosuku olufanayo kwaba lusuku Lomhlaba Lwezizwe Ezihlangene Lwabazali, lapho kuhlonishwa ukuzinikela kwabazali nabanakekeli benhlonhle yabantwana.

Ngifuna ukubonga izigidi zabazali, ogogo nomkhulu kanye nabanakekeli kulo lonke elaseNingizimu Afrika abaqhubeka nokudlala indima ebalulekile eminyakeni yokukhula kwezakhamuzi zakithi ezisencane. Inkuthazo, ukwesekwa nokuvikeleka abantwana abakuthola kubazali babo kanye nakubanakekeli kubaluleke kakhulu enjabulweni nasempumelelweni yabo yakusasa.

Mhla lu-1 kuNhlangulana izwe liqale isigaba esisha ekulweni negciwane le-corona. Imisebenzi eminingi yomnotho neyomphakathi iqalile futhi ukusebenza, okubandakanya ukuvulwa kwezikole ngokwezigaba ngezigaba.

Sithe sizokwenza izinto kancane kancane, ngokuholwa

umyalo wosayensi bakithi futhi siholwa ngamaqiniso esiwathola emphakathini nokubonisana nababambiqhaza.

Emavikini ambalwa adlulile, njengoba besilungiselele ukubuyela esikoleni, sibe nezingxoxo ezibanzi nezijulile nabo bonke ababambiqhaza emkhakheni wezemfundo. Lokhu kube umhlahlandlela wokuthi sizobhekana kanjani nalo msebenzi oyindida futhi ophoselana inselele.

Ingingi lalaba babambiqhaza - okubandakanya othisha nabazali - badlulise ukukhathazeka kwabo ngesimo sokulungela ukuvulwa kwezikole ezikoleni eziningi. Sibazwile, siyayamukela imibono yabo futhi sithatha izinyathelo ukubhekana nokukhathazeka kwabo kanjalo neziphakamiso zabo.

Siyakuqonda ukuthi abazali nabanakekeli abaningi abazi kufanele bazizwe kanjani kulesi sikhathi ngokuvulwa kwezikole. Kunokukhululeka ukuthi abantwana bazokwazi ukuphinde baqalise ngokufunda emva kokungabibikho isikhathi eside emagumbini nasemahholo okufunda. Abantwana bamagange ukuba sesikoleni futhi baphinde babone abangani nothisha.

Kodwa futhi kunetwetwe kubazali, othisha nakubafundi uqobo.

Abazali bafuna isiqiniseko

sokuthi izindlela zokuvikela ezidingekayo zizoba khona ukuze zivikele ngokwanele abafundi. Ukuphepha kwezakhamuzi zakithi ezisencane ngokwezempilo nangokwesiqu into engeke kuphikiswane ngayo. Sikubeke eqhulwini.

Njengoba silungiselele ukuvulwa kancane kancane kwezikole zethu nezikhungo zemfundo ephakeme, iziphathimandla zezemfundo bezilokhu zisebenza kanzima zibeka ngomumo izinyathelo zezempilo nezokuphepha. Usomqulu omayelana nenqubo yokusebenza usuhlinzekwe kuzo zonke izikole. Le nqubo yokusebenza ikhuluma ngokweqeshwa nokufundiswa kwabaxilongi, ukuhlelwa kabusha kwezikhathi zokufunda kanye nokumiswa kabusha kwamagumbi okufundela ukuze avumelane nezidingo zokuqhelelana.

Siyaqhubeka nomsebenzi wokuhambisa izinsizakusebenza zokuzivikela nokuqinisekisa ukuba khona kwamanzi nezindlu zangasese. Ukufunda, uma sekuqalile, kuzokwenzeka ngaphansi kwezimo eziqinile nenani elinomkhawulo labafundi.

Njengabazali, othisha, amabhodi alawula ukusebenza kwezikole kanye nohulumeni, sisesivunyelwaneni sokuthi asikho isikole esizovulwa

kuze kube zonke izinyathelo zokuvikela zime ngomumo. Kumele kungafihlwa lutho mayelana nezinga lokulungela ukuvulwa kwezikole ngasinye ngasinye. Wonke umuntu obambe iqhaza, kungaba umzali, ilungu lebhodi elilawula ukusebenza kwesikole, uthisha noma umsebenzi kahulumeni kumele akwazi ukuba nolwazi oluyilo mayelana nesimo sokulungela ukuvulwa kwesikole ngasinye. Kuyisibophu sethu sonke ukuqinisekisa ukuthi indawo yokufunda iphephile.

Ngifuna ukubonga abazali nabanakekeli, ikakhulukazi, ngendima abayidlalile ezinyangeni ezimbili ezedlule. Njengoba izikole bezivalile, bekumele bazibophezele nsuku zonke emfundweni nasekuthuthukisweni kwabantwana babo. Abazali abaningi nabanakekeli bekumele basize abafundi ngomsebenzi wabo wesikole ekhaya, ngokungangabazi nokubonga umsebenzi onzima owenziwa ngothisha bethu nsuku zonke.

Uma izwe selivuliwe nabafundi abaningi sebebuyele esikoleni, thina njengabazali kumele siqhubeke nokudlala indima ebonakalayo emfundweni yabantwana bethu, kungaba ngokuba ilungu lebhodi elilawula ukusebenza kwesikole, ngokuvolontiya

ngemisebenzi yethu ezikoleni noma ngabe nguluphi olunye usizo. Abazali bangavolontiya ukuhlanza izikole, basungule izivande zezitshalo noma babe ingxenye yekomidi lezokuphepha kwesikole emphakathini. Lokhu kungaguqula izikole zibe "yizikole zomphakathi" ngempela, nangokweqiniso.

Noma singazizwa sikhathazekile futhi sinokwesaba njengoba amadodana namadodakazi ethu ephuma ngaphansi kwesethu isandla, kumele sibe nesibindi ngokwazi ukuthi yonke imizamo yenziwa ukuze ivikele bona.

Njengabazali, nisithembile ngenhlalakahle nokuphepha kwabantwana benu. Lokhu kuyisibophezelelo esingasithathi kancane. Kulezi zinsuku namaviki azayo, sizobe siqaphe ngokucophelela okukhulu ukuvulwa kwezikole.

Uma silandela imithetho futhi sigcina izindlela zokuzivikela - njengabazali, othisha, imiphakathi kanye nabafundi - sizobehlisa ngempumelelo ubungozi begciwane le-corona.

Ekugcineni ngukwenza kwethu komunye nomunye nemizamo yethu sonke ezogcina abantwana bethu bephephile. Noma ngabe yini esizoyenza, kumele siyenze ngokubambisana. 